384. Ukufinyelela ukungconoza kwezokulungiswa kwemithi elohlonzi kuzaphumelela ngokusebenzisa uhlelo oluqondiswe kutsha olwe "*Sector Development Strategy for Pharmaceutical Manufacturing in Zimbabwe 2017-2022*". Leliqhingana, ngaphandle kokulungisa izindingeko zaloluhlangothi, lizabalisele phakathi okulandelayo:

- Ukukhuthaza ukuthengwa okungceke kwemithi elungiswe kuleli;
- Ukuhlolisisa lapho okutholakala khona imithi elungiswa kuleli ngokusebenzisa indlela zokuxhumana ngamafoni eye-*Electronic Logistics Management Information System (e-Lmis)*;
- Ukuncedisa ngezimali uhlangothi olulungisa imithi;
- Ukukhulisa ukuncintisa kwamaqembu alungisa imithi lengatsha zawo;
- Ukuphathisa ukusebenzelana kwamankampani, abezemfundo, ulwazi lobungcwethi babansundu ekusunguleni ukwenziwa kwempahla ezintsha kanye lekulungiseni izindawo zama*Bioequivalence (BE)*.
- Ukusungula uhlelo lokwelusa amalanga okuphela kwesikhathi sezivumelwano, hatshi ezamankampani alungisa imithi kuphela kodwa



wonke amankampani alezivumelwano;

- Ukunciphisa isikhathi esithathwa lugatsha olulawula ezempilakahle elizweni *Medicines Control Authority of Zimbabwe (MCAZ)* ukuthi kubhaliswe kanye lokupha ithuba lokungabhaliswa kwemithi elungiswe kuleli;
- Ukuhlanganisa umthetho olawula ezempilakahle kazulu lokuwuthuthikisa amankampani owe *Public Health Policy* lowe *Industrial Development Policy*;
- Ukupha Ulwazi kunhlangothi eziqakathekileyo ezihlanganisela i *MCAZ*, izikolo ezifundisa ngokwenziwa kwemithi le *AiBST*;
- Ukusebenzisa indlela yokubonga labo abathengisa lokulungisa imithi ukuze kusuthiswe indingeko zomkhono we *SADC*, ukulumbanisa izimiso zokusebenza, ukwengeza amathuba abathengayo, kanye lokuba lengxenye kunhlanganiso ye *SADC Free Trade Area*;
- Ukulungisisa uluhlu lwemithi edinga ukuphiwa imvumo yokuthengwa ngaphandle kwelizwe kuhambelana lokwenelisa kwamankampani akuleli alungisa imithi.

Ukulungiswa Kwengcekeza Engaboliyo Engasetshenziswa Kutsha

385. Ingcekeza engaboliyo efana lamaphepha eplastiki ingaguqulwa ilungiswe ukwenza izinto ezilohlonzi, ukudala imisebenzi, ukuhlanzeka kwemvelo, ukuletha imali zemithelo lokulondoloza imali ezisetshenziswa ukuthenga impahla phandle kwelizwe.
386. IZimbabwe kayikathuthuki kwezokulungiswa kwamafutha ephethulo evame ukuphuma nxa kuhluzwa ioyili legasi. Ngenxa yalokho, ilizwe lithenga amawakawaka amapholima asetshenziswa nxa kulungiswa amaplastiki okugoqela izinto, imithi lezipahla ezisetshenziswa ukulungisa imihlobo etshiyeneyo yezinto ezilungiswa ngamaphepha eplastiki.
387. Ngokufanayo, iZimbabwe ichitha inqumbinqumbi zengcekeza yamaphepha eplastiki angaboliyo.
388. Ngesikhathi se *NDS1*, uHulumende uzakhuthaza imizamo ezaguqula ingcekeza yamaplastiki ukuthi abe ngaselungele ukuthi aphinde



asetshenziswe njalo. Inkuthazo le izasebenzisa indlela zokubonga lokuhuga labo abayabe bephathekile kuzo. Phezu kwalokho, ingcekeza engalungiswa ukuthi iphinde isetshenziswe njalo izaguqulwa ilungiswe ukwenza impahla ezilohlonzi ezifana lohlobo lwamalayithi olweLED.

389. Amanyathelo la azakwehlisa isisindo sokuthengwa kwenzece zamaplastiki ngaphandle kwelizwe ngoba yizo ezande ukusetshenziswa ngamankampani akuleli. Lokhu kuzadala amathuba emisebenzi kugqugquzele ezinye ingatsha ezincane ezilokokwenza ngokulungisiwa kwengcekeza engaboliyo.

Amafemu Alungisa Amaroli Lamabhasi

390. Uhlangothi lwezamabhezimusi okuhamba soluguquke kakhulu ngenhloso yokuthuthukisa ukuthwalwa kwabantu emadolobheni laphakathi kwamadolobho. Amankampani ayiwo amakhulu alungisa amabhasi kweleZimbabwe alamafemu lemitshina ehleziyo engenzi lutho okungasetshenziswa ekulungiseni amabhasi lamaroli athwala impahla.
391. Eminyakeni emibili edluleyo, ilizwe selithenge amabhasi lamaroli kwamanye amazwe okulentengo engaphezu kweUS\$70 *million* abantu bekwenza ngoba imithelo yokungenisa impahla elizweni iphansi. Lokhu sokuqedele ilizwe imali yangaphandle yona efuneka kakhulu elizweni okulomthelela omubi kumankampani akuleli alungisa impahla.
392. Lokhu kwenzeka ngesikhathi amankampani kumele alungise amabhasi angamatshumi ayisithupha lanhlanu lamaroli alikhulu alentengo ephansi ngenyanga ezenziwa ngempahla yakuleli engaba ku50%. Ngesikhathi se*NDS1* inhloso enkulu yikusekela abamafemu ukuze benelise ukutholisa amabhasi lamaroli akhandwa kuleli. Lokhu kuzaletha inzuzo kwamanye amafekitali ayiwo alungisa impahla esetshenziswa ekulungiseni izimota efana lamabhawudo, insimbi, amazenge, ipenda, amasondo ezimota lokunye. Lokhu kuzakwenza ukuthi kube lesilinganiso sempahla ekhandwa kuleli eyisilinganiso se35% njengoba kuvunyelwene ku-*African Continental Free Trade Area*.
393. Phezu kokukhandwa kwamabhasi lamaroli kuzasungulwa iqhinga lokukhanda lezimota ezincane. Nxa sokwenzakele leliqhinga lizakuba lempumela eziya kude njalo ezizadala amathuba amanengi emisebenzi kubuye njalo kwehliswe imali esetshenziswa ukuthenga izimota ezintsha



lezindala ngaphandle kwelizwe.

Ukwanda Kwamabhasi Lamaroli Alungiswe Kuleli

394. Ngesikhathi se*NDS1* uHulumende uzathatha amanyethelo ahlelwe kuhle ukuze kwenziwe ukuthi kubekhona ukukhandwa elizweni. Kuzalandelelwa izibonakaliso ezimqoka ezitshengisa ukuthi kusetshenzwa njani njengendlela yokuhlola intuthuko esibekhona:-

- Ukwengeza inani lamabhasi alungiswa elizweni lisuka kusilinganiso se16% kusiya ku60% ngomnyaka ka2025;
- Ukwengeza inani lamaroli alungiswa elizweni lisuka kusilinganiso se4% kusiya ku40% ngomnyaka ka2025;
- Ukwehlisa imali esetshenziswa ukuthenga amabhasi ngesilinganiso se44% le36% kweyamaroli ngomnyaka ka2025;
- Ukwengeza inani labantu abaqhatswe kumafekithali alungisa amabhasi lamaroli lisuka ngaphansi kwe50 ngomnyaka ka2025.

Amaqhinga Okusekela Ukukhandwa Kwamabhasi Lamaroli Elizweni

395. Ngesikhathi se*NDS1* kuzakwenziwa amanyathelo ukuze kube lokusetshenziswa kwemitshina lokwenelisa okuhleziyo ekukhandeni amabhasi lamaroli okulentengo ephansi ngokusebenzisa amaqhinga alandelayo:-

- UHulumende uzaqakathekisa ukuthenga amabhasi lamaroli akhandwa elizweni;
- Ukuqinisa ubudlelwano bokusebenzelana lezinhlanganiso zemali ukuze kutholakale imali yokuthenga impahla edingakalayo;
- Ukusiza ukuthengwa kwempahla zokusebenzisa;
- Ukuthengwa kwezimota eziyiziqayiqqa (*Completely Knocked Down*) lezinhlanganiswe ngokungaphelelanga (*Semi Knocked Down*) ngokwesula imali ebhadalwa nxa ungenisa impahla elizweni; kanye
- Lokwehlisa ukuthengwa kwamabhasi ngaphandle kwelizwe.



Ukulolongwa lokucolisiswa kwezenjiwayo

Ukuhlolisisa umumo

396. Ilizwe leZimbabwe lihlotshiswe ngomcebo omnengi wezenjiwayo elaziwa ngazo emhlabeni wonke jikelele. Lanxa nje ilizwe lilomcebo wezenjiwayo ezingaphezu kwamatshumi amane ezilenzuzo esibonakele eminyakeni esanda kwedlula, iZimbabwe ithengisa umcebo ongahluzwanga longacoliswanga okuyenza ilahlekelwe yimali lemisebenzi. Inengi lemitshina lezindawo zokucolisisa lokulolonga ezenjiwayo kazisetshenziswa kumbe ukusetshenziswa ngokugcweleyo. Indawo lezi zigoqela i *Fidelity Printers, iAlaska Copper Refinery, iBindura Nickel Refinery leKwekwe Roasting*.
397. Lanxa ezenjiwayo beziletha inzuzo engaphezu kwe60% yesilinganiso semali etholakala ekuthengiseni impahla ngaphandle kwelizwe lokhu sokungengezwa ngokucolisisa langokulolonga ezenjiwayo ukuze zilethe inzuzo enkulu kwezenhlalo lomnotho wesizwe.
398. Ekwenzeni imizamo yokukhuthaza ukufakwa kwemali kwezokwemba, kuzahloliswa ngokumgceke ububi lobuhle bokwenzenjalo ukuze kwenqatshelwe ukutshabalala kwemvelo lokuqinisekisa ukuthi izigaba ezilapho okwenjiwa khona lazo zizathola inzuzo lokuthi izizukulwane ezizayo kazingeni ebunzimeni obudalwa yilokho kwenjiwa.
399. Ukufakwa kwemali kwezokwemba ngendlela esinemeyo kulakho ukuthuthukisa ilizwe ukuze lifinyelele izimiso ze *United Nations Sustainable Goals*.
400. Uhlelo lwe *NDS1* luhlose ukuqinisa ukulolongwa lokucolisiswa kwezenjiwayo ukuze kube lamankampani azakuba yinsika yokuthuthukiswa kokwenziwa kwempahla kuleli ngokuqondane le *SADC Protocol on Mining le-Africa Mining Vision*. Uhlangothi lwezenjiwayo luzaqinisa ukucolisiswa lokwengezwa kohlonzi ngokweyama kakhulu kwezenjiwayo ezinhlanu ezithi igolide, idayimane, amalahle ikhromu lensimbi zeplathinamu.
401. Amankampani ezokwemba azakuba lendima enkulu ayidlalayo ekuvuseleleni ezomnotho elizweni ukuze kwakhiwe umnotho osebenza ndawonye. Izinhloso zokusebenza kohlangothi lwezenjiwayo ngesikhathi



se*NDS1* yilezi ezilandelayo:-

- Inani lezindawo zokuhluzwa igolide lizakhwela lisuka kweyodwa kusiya kezilitshumi lanhlano;
- Ukwakha indawo eyodwa yokuhluzwa insimbi i*Base Metal Refinery* kusuka ku0 ekuqaleni kwayo kusiya ku100%;
- Ukwengeza isilinganiso samadayimane alongiweyo sisuka ku0.5% kusiya ku5% lenani lamadayimane enjiwa kuleli;
- Ukwengeza inani lezindawo zokuhluzwa amalahle lisuka kwezinhlanu(5) lisiya kwezilitshumi(10);
- Ukwengeza inani lezindawo ezicolisisa ikhromu lisuka kweziyisithupha (6) lisiya kwezilitshumi lanye(11).

402. Ukuze kutholakale inzuzo engcono ekucolisiseni lekulolongeni ezenjiwayo ngesikhathi se*NDS1*, uHulumende uzakhangelisa kakhulu amankampani emba umcebo olandelayo;

- Ukwemba amatshe egolide ahluzwe aze abe ligolide kwenziwe lobucwebe;
- Ukulolonga idayimane;
- Ukuthola insimbi zohlobo lwenikheli, ithubi, le*cobalt* ekuhluzweni kohlobo lwezinsimbi zeplathinamu;
- Ukuhluzwa kwamalahle;
- Ukucolisiswa kwamatshe ekhromu kusiba yikhromu ehluziweyo.

Ukuhluzwa Kwamatshe Egolide Kumankampani Amancane Embayo

403. Liphezulu inani labotsheketsha lamankampani amancane lasakhulayo asebenza ukwemba igolide. Igolide liletha inzuzo engabayisilinganiso se30% yemali etholakala ekuthengiseni ezinjiwayo ngaphandle kwelizwe kanti njalo belivele lingumgogodla wezokwemba elizweni lokuthuthukisa inhlalo lomnotho welizwe. Liphezulu inani lezindawo ezilamatshe alegolide kodwa ezingenjiwayo ngenxa yokusweleka kolwazi lemitshina edingakalayo ekuhluzweni kwalo. Izindawo lezi zigoqela imigodi ye*Tiger Reef Mine*,



Indarama Mine kunye leBell Riverlea Mine.

404. Otsheketsha lamankampani amancane baswela imali lolwazi olwaneleyo ukuthi basungule izindawo zokuhluzwa igolide. Lanxa kukhona izindawo zokugiga amatshe endaweni ezinengi zelizwe zibiza imali ephezulu kakhulu ekugigweni kwamatshe okudala ukuthi otsheketsha labamankampani amancane bangatholi inzuzo.
405. Ngesikhathi se*NDS1* kuzasungulwa izindawo zokugiga amatshe njalo labamankampani amancane embayo bazahlonyiswa ngokwebolekwa izimali ngaphansi kohlelo lwe *Mining Industry Loan Fund* ukuze kwehliswe izinga lokusetshenziswa kwamafutha *emecury* kulandelwa izimiso ze*Minamata Convention*.
406. Ngesikhathi se*NDS1* isilinganiso segolide elihanjiswa e*Fidelity Printers Refinery* ngamankampani amancane sizakhwela sisuka ku15 yamathani sisiya ku24 amathani ngomnyaka ka2025.

Amaqhinga Okuthuthukisa Ukuhluzwa Kwegolide Ngamankampani Amancane

407. Amaqhinga alandelayo azasetshenziswa ngesikhathi se*NDS1*:-
- Ukwandisa izindawo zokuhluzwa igolide zisuka kweyodwa zisiya kwezilitshumi lanhlanu ezigabeni eziyisitshiyangalombili zokwemba;
 - Ukuhluzwa kutsha komotolo ose*Kwekwe Roasting* ukuze kukhutshwe igolide elalisalele phakathi;
 - Ukuvuselela i*Kwekwe Roasting* kuvulwe kakutsha imigodi elegolide;
 - Ukuqinisa ukuphatheka kwamankampani amancane ngokutholisa imali ebolekiswa eye*Mining Industry Loan Fund*;
 - Ukulungisela lokupha imvumo kulabo abafake izicelo zokusungula imigodi ngokuphangisa ngendlela yokukhuthaza ukuthi kube lamankampani amatsha asungulwayo lokwandisa inani legolide elenjiwayo njalo kusetshenzwa ngokulandela isimiso se"*use-it-or-lose-it*" (okuyikuthi nxa ungawusebenzisi umgodi uyawuthathelwa);
 - Ukukhangelisisa lokuguqula umthetho we*Gold Act*;



- Ukusungula lokuqhutshwa kohlelo olufundisa ngokuphathwa lokusetshenziswa kwamafutha emecury ngamankampani amancane olwe *Mercury Management Programme for Small Scale Miners* lusekelwa ngabe *GEF*, kanye
- Lokusungula lokusetshenziswa komthetho we-*Artisanal Small Scale Gold Mining (ASGM) Policy* njengendlela yokukhuthaza ukwenjiwa ngcono kwegolide.

Ukulolongwa Kwamadayimane

408. Ilizwe leZimbabwe lilomcebo omnengi kakhulu wamatshe edayimane. Okwakhathesi kulamankampani angamatshumi amabili (20) alemvumo yokulolonga idayimane. Lanxa nje kukhangelelwe ukuthi isilinganiso se10% yamadayimane enjiwayo alolongwe kuleli, okwakhathesi isilinganiso samadayimane alolongwa kuleli siku0.5%.
409. Amadayimane alongiweyo kucatshangelwa ukuthi ayengeza uhlonzi ngesilinganiso se8% nxa kuqathaniswa lalawo athengiswa engalolongwanga kungakho-ke i *NDS1* izazama ukwengeza isilinganiso samadayimane alolongwa kuleli sisuka ku0.5% sisiya ku5% ngomnyaka ka2025.

Amaqhingha Okwandisa Amadayimane Alolongwa Elizweni

410. Amaqhingha alandelayo azasetshenziswa ngesikhathi se *NDS1*:-
- Ukuhlolisisa lokuguqula imithetho yokulolongwa kwamadayimane;
 - Ukuguqula imithetho ngamalayisensi okulolongwa kwamadayimane ukuze ibesezingeni elikhangayo nxa kuqathaniswa lamanye amazwe; kanye
 - Lokuthengiswa kwamadayimane alolongwe kuleli emikambo yakwamanye amazwe lasemhlabeni wonke jikelele ukuze kuthuthukiswe ukuthengwa kwawo.

Ukusungulwa kwendawo zokupheka lokuhluza izinsimbi

411. Okwakhathesi ilizwe leZimbabwe lilemigodi emithathu lapho okwenjiwa khona amatshe alezinsimbi zohlobo lwepulathinamu. Imigodi le yi-Unki,



iZimplats leMimosa. Eminye imigodi isebangeni lokuhlolisisa lokusungula izakhiwo. Imigodi le igogela i*Great Dyke*, iKaro Platinum leTodal. Umgodi we-Unki lowe Zimplats zilayo imitshina yokupheka kuthi iMimosa yona iyenelisa ukuhluzwa insimbi zohlobo lweplathinamu. Umdwebo 4 ongaphansi utshengisa amazinga okuhluzwa lokucolisiswa kwensimbi zohlobo lweplathinamu.

Umdwebo 14: Izinga lokuhluzwa lokucolisiswa kwensimbi zohlobo

Company	Level of Beneficiation		
Process	Level 1	Level 2	Level 3
	Flotation concentration	Smelting and Converting	Base Metal Refinery
Product	Flotation Concentrate	Converter Matte	Copper, Nickel, Cobalt, Ammonium Sulphate
Unki			X
Zimplats			X
Mimosa		X	X

Iweplathinamu

Ivela: kuGatsha lwezokwenjiwa lokuthuthukiswa kwemigodi 2020

412. Okwakhathesi insimbi zohlobo lweplathinamu ziyinsika engenisa imali yangaphandle kwelizwe ngoba iyisilinganiso se40% imali yangaphandle engeniswa zinsimbi ezikulolu uhlangothi. Ngesikhathi se*NDSI* kuzaqakathekiswa ukuthuthukiswa kokuhluzwa lokucolisiswa kwensimbi zeplathinamu ukuze kulungiswe ezinye insimbi ezifana labonikheli, ithusi le*cobalt*.
413. Ukwengeza uhlonzi lwezinsimbi zohlobo lweplathinamu kuzaletha inzuzo enkulu efana lokwandisa amathuba omsebenzi lokuletha imali yakwamanye amazwe. Ukusungulwa kwendawo zokupheka lokuhluzwa insimbi kungconoza umnotho ngokukhuphula izinga lamakhono, ukuletha ulwazi lwemitshina lokuthuthukiswa kwezakhiwo eziyinsiza ekuphekweni lasekuhluzweni kwezinsimbi. Izinga lokupheleliswa kokwakhiwa kwendawo zokupheka lokuhluzwa izinsimbi lizalandelelwa lisuka ekuqaliseni (0%) lize



liyephutsha (100%).

Amaqhiga okusungula indawo yokupheka lokuhlaza insimbi

414. Ukuze imizamo yokusungula indawo yokupheka lokuhlaza insimbi iphumelele kumele kusetshenziswe amaqhinga alandelayo:-
- Ukuphendukisa umthelo wokuthengisa ngaphandle kwelizwe insimbi ezingacoliswaga kulabo abenzenjalo; kanye
 - Lokuqinisekisa ukuthi ukusungulwa kwezindawo ezizapheka lokulolonga izinsimbi kwenzakala ngesikhathi esimisiweyo.

Ukuhluzwa Kwekhromu

415. Ilizwe leZimbabwe lisendaweni yesibili emhlabeni wonke jikelele ngomcebo wamatshe alekhromu. Ikhromu etholakala kweleZimbabwe ngeyohlonzi oluphezulu njalo isetshenziswa ekuhluzeni lekulungiseni ezinye izinsimbi. Lanxa kunjalo, inengi laleyo khromu ithengiswa iluhlaza ingahluzwanga okwenza ilizwe lilahlekelwe yimisebenzi lenye inzuzo encike ekuhluzweni lekucolisweni kwekhromu.
416. Ukusungulwa kwendawo elemitshina ehluza ikhromu kuzakwandisa amathuba emisebenzi, kungenise imali enengi yakwamanye amazwe kuthuthukise lelizwe endabeni zokuphekwa kwensimbi okuyiso isiqongo sokucoliswala lolukolongwa kwensimbi zekhromu.
417. Ngenxa yokuthi kudingakala amandla kagetsi amanengi ekutshiseni ikhromu, amankampani amancane ayiwo amanengi emba ikhromu kawanelisi ukusungula indawo zokuhlaza ikhromu. Ngesikhathi se*NDS1* inhloso enkulu kuzaba yikwandisa inani lezindawo zokuhlaza ikhromu lisuka kweziyisithupha (6) lisiya kwezilithumi lanye (11) ngomnyaka ka2025.

Amaqhinga Okusungula Indawo Zokuhlaza Ikhromu

418. Amaqhinga alandelayo azasetshenziswa ukusungula indawo zokuhlaza ikhromu ngesikhathi se*NDS1*:-
- Ukutholisa umhlaba wokwakha izindawo zokuhlaza ikhromu ngokuqakathekisa ukupha umhlaba kumankampani agebha ikhromu ukuze asungule izakhiwo zokuhlaza ikhromu;



- Ukuncedisa ukuthi kutholakale ikhromu ezangeniswa kulabo abayihluzayo ngokuhlomisa abamankampani amancane emba ikhromu lokwenqabela ukuthengiswa kwekhromu engahluzwanga; kanye
- Lokuthuthukiswa kwemikambo yangaphandle eyekhromu ehluziweyo.

Ukulolonga lokucolisisa amalahle

419. Ilizwe leZimbabwe lilamalahle amanengi angenelisa ukucolisiswa abe ngawokupheka insimbi kanye lokwenza amandla kagetsi. Okwakhathi kulendawo ezinhlanu zokucolisisa amalahle eZimbabwe. Ilizwe lithengisela amanye amazwe amalahle angacoliswanga. Ukuthengisela amanye amazwe amalahle ahluziweyo kuyenelisa ukuletha imali enengi elizweni. Ngesikhathi se*NDSI*, kuzakwakhiwa ezinye indawo zokucolisisa amalahle ukuze kutholakale imisebenzi lemali yakwamanye amazwe.

Amaqhingha Okwakha Indawo Zokucolisisa Amalahle

420. Amaqhingha alandelayo azasetshenziswa ngesikhathi se*NDSI*:-

- Ukutholisa amalahle eneleyo emvuthweni anduba amalahle akathunyezwe kwamanye amazwe;
- Ukuphangisa ukwakha amabhathiri emvutho nxa sokutholiswe indawo yokuwakhela lemvumo yokwemba; njalo
- Lokukhuthaza ukuqala ngokwakha imvutho andubana kutholakale imvumo yokwemba amalahle.

Ukwembiwa Kwegasi Engaphansi Kwamalahle

421. Ukonga igasi engaphansi kwamalahle kungaletha inguquko enkulu eZimbabwe ngoba ilizwe liyazidinga izithako ezehlukeneyo eziphuma kugasi. Izithako lezi zibalisele ezemithi yokwelapha, ezesayensi, amapholima lokunye okungajwayelekanga okulungiswa ngegasi.

422. Ukuhlolisisa igasi engaphansi kwamalahle kufuna uHulumende aphaatheke kabanzi ngoba eZimbabwe kutholakala igasi enengi ngaphansi kwamalahle ukudlula indawo zonke ezikumkhono we*SADC*.

423. Izifundo zokwemba igasi lamanyathelo okuthuthukisa eminye imihlobo



yezithako kuzakwenziwa ngesikhathi se*NDS1*.

Amatshe Aligugu Ayimvelakancane Ayenza Impahla Ezingajayelekanga

424. Ilizwe leZimbabwe lihlotshiswe ngamatshe aligugu kodwa ayimvelakancane. Lawomatshe awakahlolisiswa ngokugcweleyo.
425. Amatshe aligugu ayimvelakancane angaletha imali enengi. Lokhu kungatholisa ilizwe imali ethelwa ngamanye amazwe kanye lemitshina yakulezinsuku okungenza umkhonomi uthuthuke.
426. Ukuthola imitshina yakulezinsuku kunganceda ezindaweni ezithiwa ngama *innovation hub* ezisemayunivesithi lakwamanye amakolitshi eZimbabwe.
427. Umdwebo 15 ongaphansi utshengisa ukuguquka komkhonomi okungavela ngenxa yokusebenza kwamafekithali lokwenziwa kwempahla ngamatshe aligugu ayimvelakancane atshiyeneyo.

Umdwebo 15: Imihlobo Yamatshe Aligugu Ayimvelakancane

Rare Earth Mineral	Uses
Neodymium	Used in the manufacture of powerful magnets, computer hard drives, wind turbines and hybrid cars
Lanthanum	Used in the manufacture of carbon lighting applications such as cameras and telescope lenses
Cerium	Used in the manufacture of catalytic convertors and some crude oil refining
Praseodymium	Used in the manufacture of aircraft engines and special glasses
Gadolinium	Used in X-ray and MRI scanning systems and manufacture of refrigerators which do not emit greenhouse gasses such as CFC's or chlorofluorocarbons
Yttrium, Terbium, Europium	Used in the manufacture of memory chips for computers, televisions and other visual display devices, which different colours. Europium was also important in the manufacture of control rods used in nuclear reactors.

428. Impahla ezenziwa ngamatshe ayimvelakancane zizaletha ukuqala kokuthengiswa kwempahla ezingajayelekanga ezivela eZimbabwe ezizaletha inzuzo ngomuntu ngamunye. Ngenxa yemitshina edingakalayo, i*NDS1* izaqala ngamalungiselelo aqakathekisa ukulungiswa kwemithetho yezenjiwayo eziyimvelakancane.



Inhlelo Zokusekela Ukucolisisa Lokulolongwa Ezenjiwayo.

429. Inhlelo ezilandelayo zizasekela ukulolongwa kwezenjiwayo:-

- Ukukhankasela intuthuko yezokwemba, lokulolongwa kwezenjiwayo;
- Ukukhulisa ucwaningo lolwazi kwezokwemba lokusetshenziswa kwemitshina yakulezinsuku;
- Ubukhokheli obuqinileyo kunhlangothi zokwemba;
- Ukulandela imithetho ngendlela engcono lokuphatha ingozi makhaza;
- Ukuphatha ngcono indaba zemvumo yokwemba;
- Ukuhlola umsebenzi oqhutshwayo ekwembeni;
- Ukwanelisa ukuphatha ezokwemba ezabelweni;

Ukungconoza ukuxhumana kohlangothi lwezinsizakalo lokwenziwa kwempahla

Uhlangothi lokwaba impahla zisiya emawuluseli lezitolo yilo oluxhumanisa abalungisa impahla labathengi bazo. Ilizwe lethu leyame kumpahla ezivela kwamanye amazwe okuyikho okubangela ukungaxhumani phakathi kwamafekithali alungisa impahla njalo lentengo zokuthengisa lokuthenga phandle kwelizwe ziyampintsheka.

430. Ukuze kufezeke isifiso se*NDS1* esokusetshenziswa kwempahla ezenziwa elizweni lethu, kuzakuba lomkhankaso osekela ukuthenga lokusetshenziswa kwempahla zakuleli. Lokhu kuzakwenziwa ngendlela yesinqumo sokuthi impahla ezenziwa kuleli zibeyizo ezinengi ezitolo kulezakwamanye amazwe ngesilinganiso se80%.

Amaqhingana Okungconoza Ukuthenga Lokuthengiselana Elizweni

431. Ngesikhathi sokusebenza kwaleliqhinga le*NDS1*, indlela ezilandelayo zizasetshenziswa ukukhwezela ukuthenga lokuthengiselana elizweni lethu:-

- Umkhankaso okhuthaza ukuthengwa kwempahla zeZimbabwe;



- Ukuhlomisa lokuqinisa *iNational Competitiveness Commission*;
- Ukusungula *iNational Quality Infrastructure Project* yeZimbabwe;
- Ukulandela umthetho kumbe izinqumo ze *Competition Act* le *Consumer Protection Act*;
- ♦ Ukulandela ngokugcweleyo lokuhlola imithetho.

Ukwenza Impahla Zithengeke Ngcono

432. Inhloso ku *NDS1* ngeyokungconoza isikhundla selizwe endabeni yokuthengeka kwempahla lobulula bokwenza ibhizimusi eZimbabwe. Lesosikhundla sifisa sibe ngaphansi kwe100.
433. Ukuze zenzeke lezizinto, kuzakuba mqoka ukuthi sihlolisise imithetho lendlela okwenziwa ngayo ibhizimusi. Sizaphinda njalo sikhangele amakhono ezisebenzi sivale lapho okulezikhhexe khona. *I National Competitiveness Commission* izabe ikhipha imibiko yokusebenza kwamafekithali ukuze kukhangelisiswe ingqubo yaselizweni.

Ukuthuthukiswa Kwamabhizimusi Amancane Lamafekithali Emaphandleni

434. Amafekithali elizweni asehla izinga eminyakeni engamatshumi amabili edluleyo. Lokhu sokwafaka ilizwe kusimo sokungabi lamafekithali ngakho kwasokuvuka amabhizimusi amancane amanye esenza impahla eziqakathekileyo, amanye engawokwemba.
435. Noma nje amabhizimusi amancane esemanengi, ahlanguana lohlupho lokuswela imali, ukuswela indawo zokusebenzela noma ukuthola ezidulayo, ukuswela imitshina yoqobo, lokuswela izisebenzi eziwaziyo umsebenzi. Lokhu kwenza kudule kakhulu ukwenza amabhizimusi.
436. Ukusekela lokuthuthukisa amabhizimusi amancane kuzakuba mqoka ekufezeni injongo zamafekithali njalo kuzakhuthaza ukuvulwa kwamafekithali emaphandleni. Ukuthengeka kwempahla kuzabelo zonke zelizwe yikho okuzakuba yisiqokoqela njalo ukusabalalisa ezamabhizimusi zisuka emadolobheni zisiya emaphandleni kungeyinye yezinjongo ze *NDS1*.
437. Ngesikhathi se *NDS1*, uHulumende uzasekela amabhizimusi amancane ukuze akhule. Injongo ngeyokuqeda ubuyanga kwandiswe imali



emaphandleni lasemadolobheni.

Ukwengezelela Ukusebenza Kwamabhizimusi Amancane Ekwenzeni Impahla Ezilohlonzi

438. Injongo kuloluhlangothi ngeyokwengeza ukuxhumana kwamabhizimusi amancane enza impahla ezehlukeneyo lokukhuthaza ukuthelwa kwemali kumankampani amancane. Okumqoka kubalisela lokhu:-

- Ukwengeza izinga lokulungiswa kwempahla ngamankampani amancane nge10% ngomnyaka kusukela ku2021 kusiya ku2025;
- Ukwengezelela inani lamabhizimusi amancane alungisa impahla nge15000 kusukela ngo2021 kusiya ku2025;
- Ukwengezelela amabhizimusi amancane alungisa impahla emaphandleni nge 5000 kusukela ngo2021 kusiya ku2025.

Amaqhinga Okukhulisa Umsebenzi Wamabhizimusi Amancane Ekulolongeni Impahla

439. Ngesikhathi seNDS1, uHulumende uzasekela amabhizimusi amancane ukuthi asebenze kangcono injongo ingeyokuqeda ubuyanga lokwengeza imali emaphandleni lasemadolobheni. Lokhu kuzakwenziwa kanje:-

- Kuzafundiswa abalamabhizimusi amancane ngenhlelo zamabhizimusi, ukuthuthukisa impahla, ukupasiswa kwempahla lakho konke nje okuphathelane lamabhizimusi;
- Ukutholiswa kwezimali zokusungula amabhizimusi lokuthenga imitshina efunekayo;
- Ukutholiswa izakhiwo zokusebenzela ezingaduliyo;
- Ukukhulumisana labasebenzisana lelizwe lethu kwezentuthuko ukuze bancedise ngemitshina;
- Ukuvula indawo zokusebenzisa ulwazi ezabelweni ukuze kuthuthukiswe amafekithali emaphandleni;
- Ukukhuthaza ukuthi isigaba ngasinye emaphandleni senze



impahla eyodwa efanayo;

- Ukutholisa imali yenkuthazo kuzigaba zemaphandleni ukuze zenze impahla efanayo sinye ngasinye;
- Ukukhuthaza ukuphatheka kwama bhizimusi amancane ekuwodeni kuhulumende.

440. UHulumende uzaletsa inhlelo ezilandelayo ezizakhuthaza ukwenziwa kwempahla ezilohlonzi:-

- Ukuvulwa kwamafekithali;
- Indlela zokuvikela abathengi lokuqinisekisa uhlonzi lwempahla;
- Ukutholisa amandla kwezomnotho;
- Ukucolisisa lokulolonga ezenjiwayo;
- Ukuthengeka kwempahla;
- Iqhinga lokuthengisa impahla ezilungiswa khonapha;
- Ukonga imali elethwa yizizalwane zeZimbabwe ezihlala kwamanye amazwe;
- Ukuthuthukisa amabhizimusi amancane.



ISAPHLUKO 6

IZAKHIWO, OKUSETSHENZISWAYO LOMNOTHO OGXILE KUYINTHANETHI: IZENZAKUKHULA ZOMNOTHO

Isingeniso

441. Uhlonzi lwezakhiwo kwezomnotho yindlela yokubonisa uhlonzi lwempilo yabantu belizwe elithile. Phezu kwalokho, ubunengi bezakhiwo zesizwe buletha isisindo kungqubela phambili lokhukhula kwezomnotho.

Izakhiwo Lokusetshenziswayo

Ukuhlolisisa Umumo

442. Iminyaka engamatshumi amabili edluleyo ibibhekane lezizameko ezinengi kwezomnotho ezenze kwaba nzima ukuthi kweneliseke ukulungisa lokulondoloza izakhiwo kumbe ukukhulisa inhlangothi eziqakathekileyo.

442. Izakhiwo eZimbabwe lokhe zisehla isisindo kuminyaka engamatshumi amabili edluleyo. Lokhu sokwenze iZimbabwe yafakwa kusilinganiso sokuba ku127 phakathi kwamazwe angu138 kunkomba yezakhiwo eka2017-2018 ku *World Economic Forum Global Competitiveness Report*.

443. Ukwehla kwesisindo sezakhiwo kwabangelwa yizizatho ezehlukeneyo kubalisela ezilandelayo:

- Ukusilela kwemali yokusebenzisa nxa kuhlolwa lokulondoloza izakhiwo ngesikhathi ezifakiweyo kuhlanganisela ukulungiswa lokuvuselelwa kwezinhlanganiso zokugcinwa kwezakhiwo;
- Ukusweleka kohlelo lwendlela ezihlanganisa imizamo yokuthelwa kwemali ezakhiweni kuhlanganisela lokuswelakala kwamakhono adingakalayo;
- Ukuswelakala kokuqhubekela phambili kokuphathiswa kwezinhlanganiso ukuthi zenelise ukufinyelela amandla azo



ukuze ziphathise ekulawulweni kwezinsizakalo ezimqoka zezakhiwo;

- Ukudonda kwengatsha zikahulumende lamankampani azimele wodwa ukuthela imali kuzakhiwo;
 - Ukusilela kwemali yokuqalisa leyokusebenzisa;
 - Ukusilela kosekelo lwengatsha ezingancedisa ngenxa yezikwelede lezinye izigameko;
 - Ukusilela kolwazi olwaneleyo lokuphatha lokuphutshisa imisebenzi eyabe ikhona kanye lokusweleka kokuzimisela ekufinyeleleni esikwenelisayo;
 - Ukukhwela kwentengo yokwenza ibhizimusi okwenza inhlanganiso zidonde nxa sekumele ziphinde ukuthela imali kuhlangothi lwezakhiwo;
 - Ubuntekenteke bendlela zokuhlola lokukhangelisisa; njalo
 - Ukusilela kokuthelwa kwemali ngabaphandle kwelizwe labaphakathi kwelizwe.
445. Ukubhidlika kwezakhiwo eziqakathekileyo sokube lendonsela elukhuni kangatsha zomnotho ezilungisa impahla kanye lomgangatho wezinsizakalo kumphakathi jikelele.
446. Ngesikhathi se*NDSI*, ukwethulwa kwezakhiwo ngendlela elula kuzaqakathekiswa ekufezeni izinhloso zesizwe lakungqubelaphambili kwezenhlalo kazulu.
447. Lokhu kuzasebenzisa uhlelo lokuvuselelwa kwezakhiwo eziqakathekileyo ezifanana lemigwaqo lokukhulisa izingatsha eziqakathekileyo kukhangelwe kakhulu inhlangothi zamandla kagetsi, ezokuhambisa, ezamanzi lokuhlangezeka, ezokukhulumisana ngemitshina yakulezinsuku kanye lokwakhiwa kwezindlu.
448. Izimpumela zohlangothi lwezakhiwo oluhlosiweyo kuleliqhinga luzabe lugxile kumaqhinga acacileyo aphilayo lemizamo yokuncedisa kuhlanganisela lezibonakaliso zokusebenza ezijonge ukuvuselela izakhiwo



eziqakathekileyo lezinsizakalo eziphathisa ngokuphelelyo ekukhulisweni kwezomnotho.

449. Inhlelo zokutholisa ulwazi kundaba zokuphathwa kwemali ezifakwa ngabathela imali zizakwenziwa zisenzelwa izinhlanganiso eziphatheke kundaba zezakhiwo ukuze kungconoziwe ukuphumelela kwenhlelo zaloluhlangothi.

Ukutholisa Izakhiwo Lezinsizakalo Ezingcono

Amaqhinga

450. Uhlangothi lwezakhiwo lezinsizakalo lubalisela ezamandla kagetsi, ezamanzi lezokuhlanzeka kanye lezokuhambisa.
451. Ukwenzela ukufeza ukutholiswa kwezakhiwo ezingcono kanye lokufinyelela izinsizakalo, amaqhinga alandelayo azasetshenziswa:

- Ukugcina kuhle lokulungisa izakhiwo ezivele zikhona kanye lokufinyelelwa kwezinsizakalo;
- Ukuqedisa imisebenzi eqhubekayo leseyamayo;
- Ukuhuga ukuthelwa kwemali yakwamanye amazwe;
- Ukukhulisa ukuthelwa kwemali ngabenhlanganiso ezizimeleyo ukuze kutholiswe izakhiwo zikazulu;
- Ukukhuthaza izakhiwo eziqakathekisa abantu abakhubazekileyo;
- Ukukhuthaza ucwaningo kwezokuthuthukiswa kwezakhiwo;
- Ukuhlomisa inhlanganiso ezisebenza kwezezakhiwo;
- Ukulungisa lokusebenzisa izakhiwo ezenelisa ukumelana lomumo womkhathi olukhuni; njalo
- Lokukhuthaza ukwabelanwa kwezakhiwo.

Ukutholiswa Amandla Kagetsi

452. Ukutholakala kwamandla kagetsi okungela kuphazanyiswa kuyindingeko yakhe wonke umuntu weZimbabwe. Ngenxa yalokho, kuqakathekile



ukungconoza ukutholakala lokufinyelelwa kwamandla kagetsi kudingeko zamafemu lezezindlini.

453. Ngaphasi Kohlelo lwe*NDS1*, kuzaqakathekiswa ukutholiswa kukazulu amandla kagetsi angaphazanyiswayo njalo atshiphileyo. Uhlangothi oluphehla amagetsi oluthembekileyo luzazinzisa lokukhulisa ezomnotho luxhumana lezingatsha zonke zomkhonomi.
454. Kungasenani lokuthi kubelemizamo yokuncedisa loluhlangothi, ilizwe liyaqhubeka libhekana lokuswelakala kwamandla kagetsi ngenxa yokuthi kusetshenziswa imithshina emidala okuwaphehla eyayivele isikhona kubo 1950 njalo ivele kayilungiswa kumbe ukuthuthukiswa.
455. Kusenjalo, isilinganiso sesizwe sokufinyelela amandla kagetsi siku41% njalo kulomkhandlo phakathi kokutholakala kwamandla kagetsi emakhaya lemadolobheni.
456. Ukweyama ngokupheleleyo emandleni kagetsi aphehlwa ngamanzi ngesikhathi sikhangelane lokuguquka komkhathi kuyaminyanisa indlela yokutholakala kwamagetsi khathesi. Ukweyama njalo emandleni kagetsi athengwa ngaphandle kwelizwe kukanti wona umkhono weningizimu Africa lawo uvele uyasilela kwenza kube nzima ukuba lengqubelaphambili.
457. Ngesikhathi se*NDS1*, ukwenzela ukuthi kube lokutholakala kwamagetsi okungcono, injongo yikwengeza isilinganiso kusuka kwesikhona ese2317MW kusiya ku3467MW kusiyafika u2025.
458. Lokhu kuzimisela kokutholisa amandla kagetsi kutsho ukuthi kuzabe kungasela magetsi athengwa ngaphandle kwelizwe kusiyafika u2025.

Amaqhingana okwengeza ukutholakala kwamandla kagetsi

459. Amaqhinga amqoka ngaphansi kwe*NDS1* agijima phambili kwezokwengeza ukutholakala kwamandla kagetsi abalisela phakathi ukuthuthukiswa kwe *Intergrated Resource Master Plan*, ukuqediswa kwemisebenzi eqhubekayo, ukulungiswa kanye lokwakhiwa kwezakhiwo ezintsha zokuphehlwa kwamandla kagetsi.
460. Njengendlela yokwengeza ukuphatheka kwenhlanganiso ezizimeleyo ekuphehlweni kwamandla kagetsi, uHulumende uzakhuthaza abaphehli



bamandla kagetsi abazimeleyo.

461. Ukukhuphukisa ukwenziwa kuhle kwezinto, kuzaqakathekiswa ukukhulisa inhlelo zokusebenzelana lomkhono weSADC lokubumba izivumelwano zokuthengwa kwamandla kagetsi emazweni azingxenye zeSAPP.
462. Phezu kwalokho, ngesikhathi seNDS1, kuzaqakathekiswa ukwandisa indlela zokutholisa amandla kagetsi ngokukhuthaza ezinye indlela ezifana lamandla asebenziseka kanenginengi, igasi lezinye. Lokhu kuzasekelwa yikukhangela kakhulu ukusebenza kwakho kanye lokuchwayisisa ngezindlela zokuphehla amandla kagetsi ezehlukeneyo.
463. Ukwengeza kulokhu, iFuel Distribution Nodal System izathuthukiswa ukuze izindawo ezingakatholiswa kuhle amafutha zibe lakho ukuthola izitolo eziseduze lapho okuthengiswa khona amafutha ezimota.
464. Ukwenziwa kwemisebenzi emitsha kuzaqhutshwa kuhambelana lecebo leEnergy Resource Master Plan yona ezathuthukiswa ngalesi sikhathi.

Ukutholakala Kwamandla Kagetsi Akulezi Insuku

465. Ilizwe leli lakhelwe esidikidikini salapho okuhamba khona izintambo zokuhambisa amandla kagetsi eSAPP ngoba amandla amanengi kagetsi asuka enyakatho esiya eningizimu adlula kuleli edonswa zintambo zenhlanganiso yeZETDC.
466. Loba kunjalo, isilinganiso sokudonsa lokusakaza amandla kagetsi sisesephantsi kulaleso esikhangelelweyo ngoba sisasilela ukusuthisa indingeko kungakho siyehluleka ukutholisa amandla kagetsi kubasebenzisi bezindlini labamafemu amakhulu.
467. Ukwengeza kulokhu, imisebenzi yokusakaza amandla kagetsi eminengi isidinga ukuvuselelwa kakutsha kumbe ukuntshintshwa kwentambo lamathransifoma avele esephanjaniswe ngamasela lezephulamthetho.
468. Injongo ngaphansi kweNDS1 yikungconoza ukutholiswa kwamandla kagetsi akulezinsuku ngokwengeza lokuqinisa intambo ezithwala amandla kagetsi ukuze kube lokuzinza lokuvikeleka kokutholakala kwamandla akhona. Ukutholakala kukagetsi emaphandleni lemadolobheni kukhangelelwe ukukhula kusuka ku44% ngo2020 kusiya ku54% kusiyafika



u2025.

Amaqhinga Okungconoza Ukutholiswa Kwamandla Kagetsi Akulezinsuku

469. Amaqhinga alandelayo azasetshenziswa ngesikhathi se*NDS1* ukuze kube lesiqiniseko sokutholakala ngcono kwamandla kagetsi akulezinsuku:

- Ukusungulwa kohlelo lokuphatha indingeko ukuze kube lesiqiniseko sokutholakala kwamandla kagetsi ngasikhathi sonke kubathengi bawo;
- Ukusungulwa kohlelo olupheleleyo olokuguqula indlela zokusetshenziswa kwezimali ekusabalaliseni lekusakazeni amandla kagetsi yi*ZETDC* ukuze kweneliseke ukufinyelela isilinganiso esikhangelelweyo sokungena kuzivumelwano zokuthengwa kwamandla kagetsi lenhlanganiso ezizimeleyo;
- Ukuthelwa kwemali ekuvuseleleni lekukhuphuleni uhlonzi lendlela zokutholakala kwamandla kagetsi emkhonweni we*SADC* ukuze kungcono zwe isilinganiso selizwe esokwenelisa ukutholisa amandla kagetsi;
- Ukwengeza ukusakaza lokusabalalisa intambo zamandla kagetsi kulandelwa iziqondiso zokuhlolisiswa osekwenziwe;
- Ukuqinisa imithshina yokulungiswa kwamagetsi ephambanisekileyo ngesiphangipahangi;
- Ukuqinisa ukuhleleka kohlangothi lwezamandla kagetsi;
- Ukwakha amathuba afaneleyo ukwenzela ukuthi kulungiswe kuleli amandla kagetsi asebenziseka kanenginengi.
- Ukukhangelisisa imithetho yezintengo zamandla kagetsi sikhathi sonke ukuze kukhuthazwe ukungalahlekelwa yimali; njalo
- Kusungulwe uhlelo oluzimeleyo olwe *Independent System and Market Operator* ukuze luphathise kumacebo okulungiswa kwamandla kagetsi lokuthengwa kwawo kulabo abawaphehlayo.



Izinhlelo Lemisebenzi

470. Izinhlelo ezimqoka lemisebenzi ekhangelelwe ukuthi isetshenzwe ngesikhathi seqhinga *leNDS1* ukuze ingconoze lokutholisa amandla kagetsi akulezinsuku izabalisela le elandelayo:

- Imithetho yamandla asebenziseka kanenginengi;
- Ukutholiswa kwamandla ahlambulukileyo;
- Ukutholiswa kwamandla kagetsi emaphandleni kugxile kuhlelo lwe *Expanded Rural Electrification* lolwe *Electricity End-Use Infrastructure Development*;
- Ukuthuthukiswa kohlelo lwe *E-mobility*;
- Ukutholakala kwamafutha ezimota kanye lamaqhinga okuwagcina;
- Ukulungisa lokufaka izigxingi ezintsha ezigcina ioyili yamagetsi; njalo
- Ukupha Ulwazi olwaneleyo kuhlangothi lwezokuphehlwa kwamandla kagetsi.

471. Inhlelo eziphezulu ezikhangelelweyo zingaphumelela kuphela nxa kungasetshenziswa imisebenzi eqakathekileyo elandelayo:

- Ukusabalaliswa lokutholiswa kwamandla kagetsi kwemisebenzi efanale *ZIZABONA, Alaska Karoi*;
- Uhlelo lweHwange luka7 lo8 elokukhulisa imisebenzi yokusabalalisa amandla kagetsi;
- Ukusetshenziswa kwe *Batoka Hydro Power Transmission Network*; njalo
- Lokuthengwa kwamathransifoma.

Ukutholakala Lula Kwamandla Kagetsi

472. Ukuthuthuka okulengqubelaphambili kudinga ukuthi amandla kagetsi



aphehlwe kakuhle kungabanga lokuphazamiseka kwezenhlalo, ezomnotho kanye lezemvelo. Eyinye indlela ngeyokuphehla kusetshenziswa amandla amalutshwane angaphazamisi ezemvelo njalo elendleko ezincane.

473. Indingeko yamandla kagetsi elizweni isiqansile kakhulu ngenxa yokukhula kwenani labantu, ukuguquka kwezemitshina kanye lenguquko kuhlonzi lwenhlalo yabantu.

Impumela Zokutholakala Lula Kwamandla Kagetsi

474. Ngesikhathi se*NDS1*, injongo yikufinyelela ukutholiswa kalula kwamandla kagetsi atholakala ngendlela ezilula zokuphehla kukanti zitholisa isibanga esikhulu senzuzo kodwa sinciphile ekuphazamiseni imvelo lenhlalo yabantu.

475. Ukuze kufinyelelwe impumela ezikhangelelweyo ezokutholisa kuhle amandla kagetsi, amaqhinga alandelayo azagijima phambili ngesikhathi se*NDS1*:

- Ukuqedisa lokusebenzisa imithetho elawula lokuqondisa uhlangothi lwamandla kagetsi;
- Ukukhuthaza ukuba lula kokutholakala kwamandla kagetsi lendlela zokuwalondoloza;
- Ukukhuthaza indlela ezintsha zokuphehla amandla kagetsi kanye lokukhuthaza ukusetshenziswa kwamandla asethsenziswa njalonjalo;
- Ukukhuthaza ukuchwayisisa lokuthuthuka ekusetshenzisweni kolwazi lwakulezinsuku;
- Ukukhuthaza ukusetshenziswa kwemitshina yakulezinsuku ephezulu kwezochwephetshe kanye lezilimo kuloluhlangothi;
- Ukulandelela lokuhlolisisa ukuthi ezamandla kagetsi zisebenza kuhle yini; njalo
- Ukubumba imithetho yokuthengiswa kwemphahla esigugile.

476. Izinhlalo ezimqoka ezikhangelelwe ukusetshenziswa ngesikhathi salelilqhinga ekungconozeni ukusebenza kuhle kwamandla kagetsi yilezi



ezilandelayo:

- Ukulondolozwa kwamandla lokusetshenziswa kwendlela zamandla asebenza kanenginengi;
- Ukugcina kuhle lokuvuselela izakhiwo;
- Ukuthengiswa kwempahla endala engasasebenzi kuhle;
- Ukupha Ulwazi lokwenza ukuthi uhlangothi lwezamandla kagetsi lusebenze kuhle.

Amanzi, Ukuhlanzeka Lempilakahle

Ukuhlolisisa Umumo

477. Ukutholakala kwamanzi ahlanzekileyo, anathekayo kanye lokutholakala kwezinsizakalo zokuhlanzeka ezaneleyo kulilungelo elimqoka likazulu wonke. Amanzi, ezokuhlanzeka lezempilakahle ziyangenelana emuva laphambili ekusebenzelaneni ndawonye lengatsha eziqakathekileyo kwezomnotho ezifana lezokulima, ezamandla kagetsi lohlangothi lwezenjiwayo. Ukutholakala kwamanzi lezokuhlanzeka, lanxa kunjalo, kulokhu kulezizameko ezinkulu elizweni.
478. Ngenxa yezizameko ezibangelwa yikungenzi kuhle kwezomnotho, ukutholakala kwamanzi lezokuhlanzeka lensizakalo zakhona emadolobheni amanengi lasemaphandleni sokwehlile isilinganiso sakho osekwenze kwaphambaniseka kakhulu kumabhizimusi lawo eyame kakhulu kwezamanzi kanye lezimuli. Isimo sezamanzi lezokuhlanzeka sibudedengu njalo siletha impumela ezingaqedakaliyo. Zimuli eziyi29% kuphela elizweni lonke jikelele ezenelisa ukuthola amanzi lezokuhlanzeka ezingcono.
479. Izinsizakalo ezinengi zokuthwala lokuhlambulula ingcekeza sezihlangane lokuvaleka okuphezulu sikhathi sonke, kuthi lendawo zokuhlambulula amanzi lazo kazisasebenzi kuhle ngenxa yokuswelakala kwemithi kukanti ezinengi zakhona vele kazisalungiswa.
480. Phezu kwalokho, ukungathembakali kokutholakala kwamagetsi lakho sokuphazamisa ukutholiswa kwamanzi kanye lokuthwalwa kwengcekeza emadolobheni. Ukungatholakali kwamanzi ngemfanelo sokudonsele ukuthi



amafemu alungisa impahla ehlise inani lawo njalo sokubangele ukuqhamuka kwemikhuhlane edalwa ngamanzi okwenza kube lokuphazamiseka kwezempilakahle.

481. Ukusilela kwemali yokusebenzisa ikakhulu kungasela sekelo lwenhlanganiso ezixhasayo kumbe ezizimeleyo ezizimisele ukuthela imali sokuphazamise ukwenelisa kwezemali ukuthi kuthuthukiswe uhlangothi lwezamanzi.
482. Uhlupho lolu luyengezeleleka njalo ngenxa yomumo okhona wesimo esingelakutshengisa ukusetshenziswa kwezimali okuyinto ebisela emuva ukwanelisa kwamakhansili ukuthi enze akukhangelelweyo ukuthi akhe, asebenze, athuthukise njalo alungisise izakhiwo zamanzi kubalisela lokuthwalwa lokuhlanjululwa kwawo.

Ukutholakala Kwamanzi

483. Intshukutshu yokutholakala ngcono kwamanzi ngaphansi kwesikhathi saleliqhinga igxile kusifiso sokuthi ingxenye enkulu yenani labantu ezweni isebenzise amanzi avikelekileyo njalo ahlanzekileyo. Kukhangelelwe ukwengeza ukutholakala kwamanzi ahlanzekileyo esuka kusilinganiselo se77.3% sisiya ku90% kusiyafika u2025. Kusenjalo kukhangelelwe ukwengeza indawo zokugcinela amanzi lisuka kokukhona khathesi okuyi 15.423×10^6 mega litres kusiya ku 16.979×10^6 mega litres kusiyafika u2025.

Amaqhinga Okungconoza Ukutholakala Kwamanzi

484. Ngesikhathi kusetshenziswa leliqhinga, manengi amaqhinga azasetshenziswa ukungconoza ukutholakala kwamanzi lendawo zokuwagcinela kunanzelelwa ukwenelisa kwazo ukumelana lomumo womkhathi olukhuni kanye lokuvikeleka kwendawo zokugcinela amanzi.
485. Amaqhinga azagoqela ukuthuthukiswa kohlelo *IweNational Dam Safety Plan*, ukusetshenziswa lokuqinisa ukwenelisa kokuphathwa kwezamanzi okuvele kukhona kanye lokwengeza izinsisakalo zamanzi ukuthi zancedise indingeko zalamuhla lezakusasa ngasikhathi sinye zisehlisa ukuphazamiseka kwamaxhaphozi lomkhathi.
486. Ukuvuselela lokusungulwa kwendawo zokugcinela lokuhambisa amanzi ezinjengamakhaneli, amaphayiphi lendawo zokuhlambulula amanzi kuzaqakathekiswa ngalesisikhathi. Lokhu kuzagoqela ukusebenzisa izifundo



zokuchwayisisa, ukusekela ngobungcwethi, lokunika ulwazi kunhlanganiso ezilomlandu wokuphatha ezamanzi.

487. Kuzaqakathekiswa ukugejwa, ukuhlola kanye lokwengeza inani lezindawo eziphatha ezamanzi ukuze kutholakale ulwazi olumqoka olokuncedisa ekuphathweni kwamanzi esizwe.
488. Ngesikhathi se*NDS1*, kuzaphangiswa ukuqedisa imisebenzi yokwakha eqhubekayo emadamu besekusenziwa uhlelo lokuhlola wonke amadamu amakhulu elizweni ukuze kuhloliswe izingozi kumbe ukuvikeleka kukazulu, isibanga sokulahleka kwamanzi, lokunanzelela isibanga sokugqibeleka kwamadamu.
489. Indlela yokwanelisa ukutholakala kwamanzi zikhathi zonke izaqiniswa yimizamo yokuphatha ngokunanzelela indingeko kanye lokusebenzisa ikhampani ekhangela ngensizakalo zamanzi eye*ZINWA* njengebhizimusi ukuze kutholakale ukubuthwa kwezimali ezisetshenziswa nxa kutholakaliswa amanzi angahlambulukanga lahlambulukileyo ekuthelezeleni, ezindlini lakumafemu.

Izinsizakalo Zezokuhlazeka

490. Injongo emqoka ngaphansi kohlelo lokungconoza ezokuhlazeka yikwengeza ukutholakala kwezinsizakalo zezokuhlazeka ezingcono kusuka kusilinganiso se70.22% kusiya ku77.32% emaphandleni lemadolobheni ikakhulu kukhangelelwe ukwehlisa isibanga sokungcolisa ngokunyela egangeni kwabahlala emaphandleni.
491. Phezu kwalokho, kuzaqakathekiswa ukulungisisa ubudedengu ekwaneliseni ukutholakalisa ezokuhlazeka ezaneleyo ezigoqela ukubuthanisa imali, ulwazi lwabantu, ubungcwethi lamakhono kanye lemitshina edingakalayo.

Amaqhingamqoka Okwengeza Ukutholakala Kwezinsizakalo Zezokuhlazeka Ezingcono

492. Ngesikhathi seqhinga leli, amaqhingamqoka okufinyelela ukutholakala kwezinsizakalo zezokuhlazeka ezingcono agoqela ukwengeza izinhlelo eziqhubekayo ezihlose ukuvuselela izakhiwo lezinsizakalo ezivele zikhona emadolobheni lemaphandleni.



493. Kuzaqakathekiswa ukuguqulwa kokusebenza kwamankampani ukuze kuqiniseke ukusebenzelana lokusebenza kwenhlelo zezokuhlazeka, ukwengezwa kwemfundiso yezokuhlazeka eqhubekayo emadolobheni lemaphandleni.

494. Phezu kwalokho, ukulugisisa lokuvuselela izakhiwo ngemva kwezikhathi ezibekiweyo kuzakwenziwa ngobuqotho. Lokhu kuzasekelwa ngokwengeza ulwazi mayelana lezokuhlazeka lenhlelo zemfundiso, ukukhuthaza ubusobala lokusebenza okulesizotha kwankampani akhangele ngezokuphathwa kwezokuhlazeka emaphandleni lemadolobheni.

Izakhiwo Lezinsizakalo Zezokuhambisa

495. Ubunzima kwezomnotho okube kusenzakala eminyakeni engamatshumi amabili edluleyo kuphambanise ukwanelisa kwelizwe ukuvuselela lokulungisa izakhiwo zezokuhambisa. Phezu kwalokho, ukweyama kakhulu ekuhanjiseni kwezinto ngomgwaqo kuyampintsha ukwanelisa kwezemigwaqo ezivele zithwele gadalala zidinga ukuvuselelwa.

Ukuhlolisisa Umumo

496. Eminyakeni engamatshumi amabili edluleyo, izakhiwo zezokuhambisa zitshabalele ngenxa yokuhlala isikhathi eside zingalungiswanga, zingavuselelwanga njalo zingakhutshulwanga uhlonzi.

Izakhiwo Zemigwaqo Lamabholoho

497. Ngenxa yokuthi imigwaqo iqakatheke kakhulu ekuthuthukiseni ukufinyelelwa kwezindawo kanye lokukhulisa ukuthengiselana kuleli lakwamanye amazwe angomakhlewane, uhlangothi lwezokuhambisa lungumkhandlo oqakathekileyo okwenza ukuthi kuqakathekise ukuvuselelwa lokulungiswa kwezinsizakalo zalo. Ingxenye ye84 000 yamakhilomitha omgwaqo, eyisilinganiso se93% yokuxhumana ngemigwaqo iphakathi kwesimo sokuba ngcono lokubambi njalo idinga ukulungiswa lokuvuselelwa ngezikhathi ezibekiweyo.

498. Kungenxa yalokho ke *iNDS1* izanxwanela ukwengeza inani lamakhilomitha okuxhumana kwemigwaqo eguqulwayo ukuze ifinyelele kuzimiso ze *Southern Africa Transport and Communications Commission (SATCC)* kusuka ku5% kusiya ku10% ngo2025 kanye lokwengeza inani



lamakhilomitha omgwaqo osesigabeni sobuhle kusuka 14 702km kusiya ku24 500km kusiyafika u2025.

Amaqhinga Amqoka Okungconoza Izakhiwo Lezinsizakalo Zezokuhambisa

499. Ngesikhathi se*NDS1*, uhulumende uzaqakathekisa ukuphutshisa ukwakhiwa kwemigwaqo lapho osokuqhubeke ngcono khona. Kodwa umsebenzi awupheli ngenxa yokusilela kwemali.
500. Kuzalungiswa njalo indawo ezidilikileyo kumigwaqo emqoka kuqalisela kumigwaqo engaphelanga ukwakhiwa kubesekuphuculwa imigwaqo engela thara.
501. Sokunanzelelekile ukuthi umgwaqo uyingxenye yomnotho. Ngakho-ke ngesikhathi se*NDS1* kuzakwakhiwa imigwaqo engena ezigabeni njengendlela yokuthuthukisa indawo ezisalele emuva.
502. Amaqhinga alandelayo azasetshenziswa:-
- Ukuqedisa imizamo yokugcina isimo semigwaqo etshiyeneyo;
 - Ukuphucula imigwaqo engela thara lokuqedisa ukwakhiwa kwamabholoho asemigwaqweni esebenza kakhulu ukuze kuvinjelwe izingozi;
 - Ukusungula icebo lokungconoza lokuphucula imigwaqo yelizwe ukuze sihuge abangathela imali labangasebenzisana lohulumende kuhlangothi lwezemigwaqo;
 - Ukuqhelisa ukuxhumana kwemigwaqo ezindaweni eziqakathekileyo ezijayele ukufikwa nguzulu wemaphandleni owenza amabhizimusi;
 - Ukuqiniswa kwesikhwama semali ukuze senelise ukuhlala silungisa imigwaqo;
 - Ukusebenzisa konke okutholakala eduze ekwakheni imigwaqo;
 - Ukuguqula indlela okusetshenzwa ngazo kuhlangothi lwezemigwaqo ukuze iZimbabwe ihambelane lamanye amazwe e*SADC* ekuqhubeni ezemigwaqo, ukukhulumisana lezomkhathi;



- ◆ Ukukhangelisisa indlela ezitshiyeneyo zokufaka imali kwezokuhambisa;
- ◆ Ukukhweza imali ezibhadalwa ngabasebenzisa imigwaqo ukuze kuhlale kulungiswa imigwaqo.

Izinhlelo

503. Inhlelo ezilandelayo zizakwenziwa:-

- Ukukhangela imigwaqo okuhleliweyo ukuze kubonakale isimo sayo;
- Ukuvuselela imigwaqo;
- Ukwakhiwa kwemigwaqo okulandela izimiso ze *SATCC*.

504. Imisebenzi ekhangelane lokwakhiwa kwemigwaqo efana losuka eHarare usiya eBeitbridge izaqhutshwa ngesikhathi se *NDS1*.

Insizakalo Zokuhamba Ngemigwaqo

505. Insizakalo zokuhamba ngemigwaqo eziphucukileyo zimqoka ekuhambiseni abantu kalula besiya kundawo ngendawo njalo lokuhambisa impahla endaweni ezehlukeneyo.

506. Ububi bemigwaqo elizweni lethu sobulethe izingozi ezinengi ekuhambeni. Inani lezingozi zemigwaqo phakathi kuka2010 lo2017 lalifika ku36,105 njalo lenani labantu ababesifa ngenxa yengozi zemigwaqo laliku 1,836. Ngo2016, izingozi zemigwaqo zazingu38,620 zaqansa zaya ku42,430 ngo2017. Ngokunjalo, lenani lengozi ezabulala abantu zeniyuka zaya ku1,385 ngo2017.

507. Injongo ye *NDS1* ngeyokufinyelela insizakalo ezokuhambisa ezilohlonzi emaphandleni lasemadolobheni. Isifiso ngesokuthi sehlise inani lezingozi zomgwaqo lezimfa nge25%.

Amaqhingana Okungconoza Insizakalo Zokuhamba Ngemigwaqo

